# Ukhwezi nezinkungu

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Uyazazi izinkungu? Wake wadukiswa izinkungu?
2. Ubuyela nini ekhaya emva kokudlala nabangani bakho. Wake wabuya sekuhlwile?



EXTRACT PAGES

UKhwezi umfana oneminyaka eyisishagalolunye, ofunda ibanga lesi – 3, isikole afunda kusona iseKukhanyeni primary school. Ekhaya kubo uhlala nogogo kanye nodadewabo omncane u-Andiswa, ofunda khona eKukhanyeni primary school.

Ucabanga ukuthi ukudla okusesithombeni kuyakwakha umzimba?



UKhwezi wayekhonze kakhulu abangani bakhe nokudlala. Wayevele avuke ekuseni ageze ubuso adle bese eyahamba eyodlala. Wayenabangani bakhe ababili ababengamawele uSithembiso noThembelani, ababevakasha njalo bevakashela ubabekazi wabo uma kuvalwa izikole.

EXTRACT PAGES

Kwakungobani abangani bakaKhwezi? Yini amawele?

Kwathi ngomunye unyaka zivaliwe izikole, zivalelwe amaholidi kaKhisimusi, bafika abangani bakhe, bafika nezinhlobonhlobo zezinto zokudlala. Kwakukhona wena sithuthuthu, ibhola kanye nomakhalekhukhwini wabo wokudlala. Bajabula kakhulu uma bebonana, bavele bangana kwaba mnandi kwaba njeya phela babekade bagcinana. Bamkhombisa amathoyizi ababefike ngawo, wajabula kakhulu uKhwezi.

EXTRACT PAGES



Ingabe bazokwazi yini ukunakekela amathoyizi abo? Wena ngabe uyakwazi ukunakekela izinto zakho?

Zaziningi izinto zabo zokudlala, babuzana ukuthi bazodlala ini kuqala. UKhwezi wathi "okungcono asiqale ngokudlala ibhola". Bazothi uma sebekhathele balale phansi kwezihlahla, badlale imidlalo ekumakhalekhukhwini wabo. Bavumelana, base baqala ukudlala ibhola.



EXTRACT PAGES

Ucabanga ukuthi unjani umuzi wasemaweleni? Wudwebe uma ufika ekhaya.




Nangempela bathi sebekhathele ukudlala ibhola, bahlala ngaphansi kwesihlahla nomakhalekhukhwini base bemfundisa uKhwezi ukuthi imidlalo ekumakhalekhukhwini idlalwa kanjani. Washeshe wabamba uKhwezi, base bedlala imidlalo kamakhalekhukhwini.

EXTRACT PAGES

Eduze kwabo kwakunenja yawo amawele eyayilokhu inyakazisa umsila wayo nolimi lwayo lungaphandle. Igama lenja uJiji.

UKhwezi wayekwazi yini ukudlala imidlalo ekumakhalekhukhwini?



EXTRACT PAGES

Bathi sebephumule ngokwanele baphindela futhi beyodlala, bathatha isithuthuthu wagibela uKhwezi wasiqhuba. Babelokhu beshintshanisa imidlalo ababeyidlala. Ujiji ngapha ubuye abacashele. Bezwe ngo wuf wuf!

Kungani kubalulekile ukuphumula uma udlala?

UKhwezi wathi, “asibophe intambo esihlahleni senze umjikelo”. Babelokhu beshintshana emjikelweni wayethi uma omunye ekhwele emjikelweni abanye babefuqana emjikelweni. NoJiji inja yabo ayizibekile phansi ifuna ukudlala. “Ngibheme ngakholwa ukuthi ngizobona isimanga,” kusho uKhwezi. Babedlala kumnandi bengayizwa ngisho indlala, bengabheke ngisho isikhathi.

EXTRACT PAGES






Inja yona yayifuna ukwenzani? Wena ungamushwiba uJiji?

Badlala kwaze kwaba ntambama, kwathi ilanga selishona babona ngobabekazi wamawele esememeza, phela wayemangele zingasabuyi izingane kuze kuhlwe. Ilanga lase liyozilahla kunina.



EXTRACT PAGES

Waphatheka kanjani ubabekazi ebona abafana bengabuyi kuze kuhlwe? Ngabe kusho ukuthini ukuthi 'ilanga liyozilahla kunina"?